



Edition 68
IsiZulu, English

It starts with a story...

Happy birthday, Nal'ibali!

It's our second birthday! Yes, that's right, on 5 June 2014 the Nal'ibali supplement has been around for two years! We're the only bilingual reading-for-enjoyment supplement in South Africa dedicated to bringing you stories to enjoy with the children in your life, as well as information and support, ideas for reading clubs and story activities!

Just like you, at Nal'ibali we are passionate about bringing stories and children together. Just like you, we look for opportunities to support our children on their literacy journeys to help make sure that they develop into lifelong readers. In a world where being able to use reading and writing effectively is so important, together with you we are helping to make sure that no child misses out on the magical pleasure that reading can give!

The isiXhosa word *Nal'ibali* means "Here's the story". So, here's the story of Nal'ibali's first two years.

★ **2 116** parents, teachers, librarians, NGO practitioners and reading club volunteers, as well as **426** reading clubs have joined the Nal'ibali network. (You can too at www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.)

- ★ **136** reading clubs across the Western Cape, Eastern Cape, Gauteng, KwaZulu-Natal, Free State and Limpopo have received hands-on guidance and support from us.
- ★ The **98 761** visitors to our website and mobisite have been able to access reading-for-enjoyment information, tips and ideas; free downloadable stories; back issues of the Nal'ibali supplement, and other resources and fun extras like the Nal'ibali ringtone and wallpapers for their cellphones.
- ★ Our **3 327** fans on Facebook and **1 785** followers on Twitter, regularly share their reading club pictures, enjoy Wednesday Wisdoms, and access even more literacy tips and inspiration.
- ★ There have been **67** editions published in isiXhosa and English, isiZulu and English, Sesotho and English, and Afrikaans and English that have included:
 - **106** children's stories
 - **148** literacy activities for children
 - **140** articles with information about reading and writing with children.

- ★ **176 500** copies of each supplement edition were inserted into newspapers sold on the street and in shops, and **30 000** free copies were delivered to reading clubs and schools.
- ★ So, since we started in 2012 we have we have produced and distributed **15 732 400** reading-for-enjoyment supplements!

Join us in celebrating how we have all helped to grow a love of stories and reading in South Africa's children. We look forward to being your reading-for-enjoyment partner for another year!



Usuku lokuzalwa oluhle Nal'ibali!

Lusuku lwethu lokuzalwa lwesibili! Yebo, kunjalo, ngomhla ziyi-5 kuNhlangulana wezi-2014 izithasiselo zikaNal'ibali zizobe sezineminyaka emibili zikhona! Yithina kuphela esinesithasiselo sokufundela ukuzithokozisa esingezilimi ezimbili eNingizimu Afrika esizinikele ekukuletheleni izindaba zokuzithokozela nezingane ezisempilweni yakho, ulwazi nokwesekelwa, imiqondo engasetshenziswa emathimbeni okufunda kanye nemisebenzi yezindaba!

Njengawe, nathi kwaNal'ibali siyathanda ukuletha ndawonye izindaba kanye nezingane. Njengawe, sibheka amathuba okuxhasa izingane zethu ohambeni lwazo lokwazi ukufunda nokubhala ukuze sizisize ngokuqinisekisa ukuthi zithuthuka zibe abafundi impilo yazo yonke. Emhlabeni lapho kubaluleke khona ukwazi ukufunda nokubhala ngendlela efanele, sikanye nani siyelekelela ukwenza isiqiniseko sokuthi ayikho ingane engayitholi intokozo eyisimanga ukufunda okungakuyinika yona!

Igama lesiXhosa elithi *Nal'ibali* lichaza ukuthi "Nansi indaba". Ngakho, nansi indaba yeminyaka emibili yokuqala kaNal'ibali.

★ Bayizi-**2 116**, abazali, othisha, abasebenzi basemitatsheni yezincwadi, abasebenzi bama-NGO, amavolontiya amathimba okufunda, kanye namathimba okufunda angama-**426**

- ayingxenywe yohlelo lukaNal'ibali. (Ungajoyina nawe ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.)
- ★ Kunamathimba okufunda ayi-**136** eNtshonalanga Kapa, eMpumalanga Kapa, eGauteng, KwaZulu-Natali, eFreyistata naseLimpopo asethole ukunikwa umkhombandlela kanye nokuxhaswa yithi.
 - ★ Izivakashi eziyizi-**98 761** ezivakashela kusizindalwazi nakumobhisayithi yethu ukuze zikwazi ukufinyelela olwazini lokufundela ukuzithokozisa, amacebo nemiqondo; izindaba ezithwetshulwa ngensiza yekhompuyutha; okubhalwe ngemuva kwesithasiselo sakwaNal'ibali, kanye nezinye izinsiza nezinto ezithokozisayo ezifana nama-*Nal'ibali ringtone* nama-*wallpaper* omakhalekhukhwini babo.
 - ★ Abangani bethu abayizi-**3 327** ku-Facebook kanye nabalandeli abayi-**1 785** ku-Twitter, ababelana ngezithombe zamathimba abo okufunda, bathokozele i-*Wednesday Wisdoms*, kanye nokuthola namanye amacebo kanye nemicabango evusa usinga.
 - ★ Sekube nezithasiselo ezingama-**67** ezishicilelwe ngesiXhosa nesiNgisi, isiZulu nesiNgisi, iSesotho nesiNgisi, nange-Afrikaans nesiNgisi ezibandakanye:

- izindaba zezingane eziyi-**106**
- imisebenzi ephathene nokwazi ukufunda nokubhala eyi-**148**
- okubhaliwe okuyi-**140** okunolwazi mayelana nokufunda nokubhala kwezingane.
- ★ Amakhophi ayizi-**176 500** esithasiselo ngasinye esishicilelwe esifakwe emaphephandabeni athengiswe ezitaladini nasezitolo, namakhophi amahhala ayizi-**30 000** ahanjiswa kumathimba okufunda nasezikoleni.
- ★ Ngakho-ke, kusukela saqala ngowezi-2012 sesikhiqize futhi sahambisa izithasiselo zokufundela ukuzithokozisa eziyizi-**15 732 400!**

Hlanganyela nathi-ke ekugubheni ukuthi sonke sizise ukuthuthukisa uthando lwezindaba nokufunda ezinganeni zaseNingizimu Afrika. Silangazelela ukuba ngabalingani bakho bokufundela ukuzithokozisa omunye unyaka futhi!



Drive your imagination

Read with me. Every day.
Funda nami. Nsuku zonke.





Drive your imagination

Say it and find it!

Do you know how say "happy birthday" in all of South Africa's official languages? Try reading the "happy birthday" message in the Na'ibali characters' speech bubbles. Then find birthday words in the word search block!

Kusho bese ukuthola!

Ngabe uyakwazi ukuthi "usuku lokuzalwa oluhle" ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika? Zama ukufunda imilayezo ethi "usuku lokuzalwa oluhle" kumabhamuza enkulumo abalingiswa bakwaNa'ibali. Bese uthola amagama osuku lokuzalwa ebhulokhini yokufuna amagama!



B	B	A	C	T	C	H	I	P	S
N	I	W	E	G	A	P	A	T	D
P	R	E	S	E	N	T	S	U	R
A	T	E	O	P	D	G	W	K	A
R	H	F	I	G	L	N	E	J	C
T	D	C	A	K	E	I	E	R	S
Y	A	M	U	X	S	S	T	P	R
V	Y	Z	A	M	W	I	S	H	N

BIRTHDAY CHIPS SWEETS
 CAKE PARTY WISH
 CANDLES PRESENTS
 CARDS SING

B	B	A	S	A	C	U	L	A	A
N	I	W	I	S	W	I	D	I	M
H	K	E	J	E	N	T	S	S	A
L	H	B	A	D	A	N	S	A	H
O	E	F	B	O	N	G	A	D	L
B	K	C	U	K	E	I	E	L	A
A	H	H	L	E	K	A	T	A	Y
V	E	N	E	K	H	A	D	I	A


AMAHLAYA HLOBA SADLA
 BADANSA IKHEKHE SIJABULE
 BONGA NEKHADI
 HLEKA SACULA

Na'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Na'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNa'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNa'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangokuLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Get the story ready to read!

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. To separate the pages, cut down the middle of pages 4 and 5.
3. Fold along the red dotted line.
4. If possible, keep the story in a plastic pocket to protect it.

Lungiselela indaba enizoyifunda!

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Ukuze uhlukanise amakhasi, sika amakhasi 4 no-5 phakathi nendawo.
3. Goqa ulandele umugqa wamachashazi abomvu.
4. Uma ungakwazi ukwenze njalo, gcina indaba eplastikini ukuze uyivikele.



“Mama! Mama!”

“What’s the matter, Lethabo?” asked Lethabo’s mama as she ran into the room.

“Mama, I’d like a drum for my birthday!”

“But Lethabo – a drum?” Her mama shook her head.

“Not just any drum, Mama. A drum from West Africa, please.” And she sang as she danced around her room. *Dum dum de dum!*

Lethabo’s mama listened to the singing. She thought about her father. She remembered him sitting outside their hut in the sun. Between his legs stood a big drum. He was beating it, calling all the men and women of the village to a feast. A fire was blazing. He was smiling at Lethabo, his new granddaughter, as she lay in her mother’s arms.

“Oh, how I miss my father,” Mama thought. “But wait a minute! I still have some of his things in the suitcase under my bed.”

Mama found the old suitcase under the bed. “Oh no, there are spiders on it!” Mama complained.

At the sound of her voice, the spiders scuttled away. Mama pulled the suitcase out and opened it. Inside she found a small drum – just the right size for Lethabo.

“Oh, thank you, Father! I remember this drum! You made it for Lethabo!”



There wasn’t a sound coming from Lethabo’s bedroom. Quietly, Mama tip-toed to the bedroom and opened the door. The light from the moon shone on her daughter as she slept. Mama put the drum on the floor next to the bed and kissed Lethabo’s cheek. “Happy birthday, Lethabo,” she said quietly. “Happy birthday from me and from your grandfather.”

Fold

The birthday wish

by Michelle Friedman

Illustrations by Alzette Prins

“Oh dear,” thought Lethabo’s mama as she sat at the kitchen table. “What shall I do? Tomorrow is Lethabo’s birthday and there’s very little money to buy a present.”

Lethabo stood at the sink humming as she washed the dishes. “*Mmmm la la... Mmmm la la.*”



“Lethabo,” said Mama, “it’s your birthday tomorrow. What can I give you?”

“Oh, Mama,” said Lethabo, “I don’t know what I want.”

“I’ll think of something,” Mama said.

Dum dum de dum ... dum dum de dum. Mama’s fingertips touched the table top. Lethabo liked the sound. “*Dum dum de dum ... dum dum de dum,*” she sang quietly as she went into her bedroom. She took off her shoes and sat on her bed. “What do I want for my birthday?” Lethabo said aloud.

“Funny you should ask that!” said a voice.

“Who’s there?” said Lethabo standing up. “I don’t see anybody.”

“I’m under the bed!” said the voice.

“Please come out!” Lethabo jumped back on her bed. “Eeek!”



Drive your
imagination

Nalibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



There, in front of her, stood a spider. He stood on eight long legs. They looked like sticks.

"I'm so sorry I scared you!" The spider bowed his head. "My name is Felix. I'm an Anansi spider."



"I'm Lethabo. I like your hat!"

"Thank you, Lethabo. My hat comes from Ghana! It's the colours of the flag of Ghana – red, yellow and green."

"Where's Ghana?" asked Lethabo.

"It's very far away in Africa," answered Felix.

"What's an Anansi spider?" asked Lethabo.

"I'm from the family of Anansi spiders. We're famous. We're from West Africa. Some of us get into trouble a lot, but I don't. Well, not often anyway," laughed Felix.

"Why are you here?" Lethabo asked.

"You called me," said Felix.

"But I didn't call you!" said Lethabo.

Felix chuckled. "Yes, you did, when you hummed a tune. Now, please close your eyes, I have a surprise for you."

Lethabo put her hands over her eyes. She could hear Felix scuffling around on the floor. Then a sound filled the room. *Dum dum de dum ... dum dum de dum*. It was like the noise her mother had made on the table top, but closer and louder.

"Oh what can it be?" she cried.

"Open your eyes!" shouted Felix.

Felix was playing eight drums at the same time. Each tiny foot was on a drum. The drums were in a circle around him. His head was bent as he beat each drum. *Dum dum de dum ... dum dum de dum*.



"Oh I love it!" Lethabo beamed. She jumped around the room singing as he played.

The sound of the drums and Lethabo's singing filled the small room. It bounced off the walls, rose to the ceiling, dropped onto the carpet, wriggled inside their bellies, tickled their toes and joined the beat of their hearts.

"Lethabo, are you okay?" Her mama's face peered round the door.

"Oh yes, Mama," said Lethabo. "I was just thinking about my birthday."

Lethabo's mama closed the door and went back to the kitchen. "Oh dear, what am I going to do?" she said.

"Felix! Where are you?" Lethabo looked under the bed. "You can come out now."

"That was close!" said Felix. "Grown-ups like to chase me."

"Please tell me why you came to see me," said Lethabo.

"Well, I know it's your birthday tomorrow. What do you want?" asked Felix.

"A drum, Felix! I want a drum!" Then Lethabo felt a bit sad. "But it's too late. The shops are closed."

"Hee, hee," chuckled Felix. "Just ask your mother for a drum. Ask for a drum from West Africa. Now close your eyes again and make a wish. Goodbye, Lethabo!"

Lethabo closed her eyes, "I wish I had a drum," she said. She opened her eyes. Felix was gone.

“Mama! Mama!”

“Kwenzenjani, Lethabo?” kubuza umama kaLethabo ngesikhathi egijima eyongena egunjini lakhe.

“Mama, ngingathanda ukuthola isigubhu ngosuku lwami lokuzalwa!”

“Kodwa Lethabo – isigubhu pho?” Umama wakhe wanikina ikhanda.

“Kungabi yinoma isiphi nje isigubhu, Mama. Makube yisigubhu esiphuma eNtshonalanga ne-Afrika, ngiyakucele bandla.” Wayecula ngesikhathi edansa ezungeza ekamelweni lakhe. *Dum dum de dum!*

Umama kaLethabo walalela umculo. Wacabanga ngoyise. Wamkhumbula ehleli ngaphandle kweqhugwane labo elangeni. Phakathi kwemilenze yakhe kwakumi isigubhu esikhulu.

Wayesishaya, ebiza onke amakhosikazi namadoda asemuzini ukuthi eze edlini. Kwakuvutsha umlilo. Wayemamatheka ebuka ulethabo, umzukululi wakhe osanda kuzalwa, ngesikhathi esezingalweni zikanina.

“Awu, ngaze ngamkhumbula ubaba,” kucabanga uMama. “Awume kancane! Ngisenazo ezinye zezinto zakhe epotimendeni elingaphansi kombhede wami.”

UMama wathola ipotimende elidala ngaphansi kombhede. “Awu, ngeke, kugcwele izicabucabu kulol!” kuthononda uMama.

Izicabucabu zabaleka uma zizwa izwi. UMama wadonsa ipotimende wase elivula. Phakathi kulo wathola isigubhu esincane – esilingene ulethabo.

“Awu, ngiyabongqa, Babal! Ngiyasikhumbula lesi sigubhu! Wasenzela ulethabo!”



Kwakuthule kuthe nya ekameleni likal'ethabo. Ngokuthula, uMama wahamba ngamananzwane eya ekamelweni likal'ethabo wase evula umnyango. Ukukhanya kweyinyanga kwakukhanya ebusweni bendodakazi yakhe ngesikhathi ilele. UMama wabeka isigubhu phansi eduze kombhede wase egabula ul'ethabo esihlathini. “Ube nosuku lokuzalwa oluhle, Lethabo,” esho kancane. “Ube nosuku lokuzalwa oluhle olufisekwa yimi nomkhulu wakho.”



Drive your
imagination

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Isifiso sosuku lokuzalwa

nguMichelle Friedman
Imidwebo ngu-Alzette Prins
Umhumushi nguBusisiwe Pakade

“O nkosi yami,” kucabanga umama kaLethabo ngesikhathi ehla etafuleni lasekhishini. “Kunmele ngenzenjani? Kusasa usuku lokuzalwa lukal'ethabo kanti imali ekhona incane kakhulu ukuthi ingathenga isipho.”

Ul'ethabo wayemi kusinki evuma ingoma ngesikhathi egeza izitsha. “Mmmm la la... Mmmm la la.”



“Lethabo,” kusho uMama, “kusasa usuku lwakho lokuzalwa. Yini engingakupha yona?”

“Eyi, Mama,” kusho ul'ethabo, “nami angazi ukuthi ngifunani.”

“Ngizocabanga okuthile,” kusho uMama.

Dum dum de dum ... dum dum de dum. Kushaya iminwe kamama phezu kwetafula. Wawuthanda lo msindo ul'ethabo. “*Dum dum de dum ... dum dum de dum,*” wacula buthule ngesikhathi eya ekameleni lakhe. Wakhumula izicabulo zakhe wahlala embhedeni wakhe. “Konje ngifunani ngosuku lwami lokuzalwa?” kuphimisela ul'ethabo.

“Kuyamangaza lokhu okubuzayo!” kusho izwi.

“Ubani lowo?” kusho ul'ethabo emile. “Angiboni muntu.”

“Ngingaphansi kombhede!” kusho izwi.

“Ngicela uphume!” Ul'ethabo waphinde wagxumela embhedeni wakhe. “Ewu!”

Phambi kwakhe kwakumi isicabucabu. Sasimi ngezinyawo eziyisishiyagalombili ezinde. Zazibukeka sengathi yizinduku.

“Ngiyaxolisa ngokukwethusa!” Isicabucabu sagobisa ikhanda laso. “Igama lami nginguFelix. Ngiyisicabucabu esibizwa nge-Anansi.”



“NginguLethabo.

Ngiyasithanda isigqoko sakho!”

“Ngiyabonga, Lethabo.

Isigqoko sami sivele eGhana! Sinemibala yeflegi laseGhana – umbala obomvu, ophuzi noluhlaza okotshani.”

“Ikuphi iGhana?” kubuza uLethabo.

“Yizwe lase-Afrika elikude kakhulu,” kuphendula uFelix.

“Siyini isicabucabu esibizwa nge-Anansi?” kubuza uLethabo.

“Ngivela emndenini wezicabucabu ezibizwa ngama-Anansi. Sidumile. Sivele eNtshonalanga ne-Afrika. Abanye bethu bahlele bengena ezinkingeni isikhathi esiningi, kodwa akunjalo kimi. Empeleni, akwenzeki njalo,” kuleka uFelix.

“Uzokwenzani la?” kubuza uLethabo.

“Ungibizile,” kusho uFelix.

“Cha angikubizanga!” kusho uLethabo.

Wahleka uFelix. “Yebo, ungibizile ngesikhathi uvuma ingoma. Manje-ke ngicele uvale amehlo, kukhona engikuphathele kona ongakulindele.”

ULethabo wavala amehlo akhe ngezandla. Wayezwa uFelix ehla enyuka phansi. Kwase kuba khona umsindo owagcwala igumbi lonke. *Dum dum de dum ... dum dum de dum*. Wawufana nomsindo owawenziwe umama wakhe phezu kwetafula, kodwa wawuzwakala useduze futhi uzwakala kakhulu.

“Kazi yini leyo?” kusho yena.

“Vula amehlo akho!” kumemeza uFelix.

UFelix wayedlala izigubhu eziyisishiyagalombili ngesikhathi esisodwa. Uryawana oluncane ngalunye lwalusesigujini. Izigubhu zazimzungezile zakhe isikokela. Wayegobise ikhanda ngesikhathi eshaya isigubhu ngasinye. *Dum dum de dum ... dum dum de dum*.



“Ngiyasithanda!” kumamatheka uLethabo. Wagxuma wazungeza ekamelweni ecula ngesikhathi yena edlala.

Umsindo wokukhala kwezigubhu nokucula kukaLethabo wagcwala igumbi elincane. Washayeka ezindongeni, wakhuphukela esilingini, wawela kukhaphethi, wanyakaza eziswini zabo, wakitaza izinzwane zabo wase uhlangana nesigqi esisezinhliziyweni zabo.

“Ngabe konke kuhamba kahle, Lethabo?” Unina walunguza emnyango.

“Yebo, Mama,” kusho uLethabo. “Bengizicabangela ngosuku lwami lokuzalwa nje.”

Umama kaLethabo wavala umnyango wabuyela ekhishini. “Kodwa nkosi yami, ngizokwenzenjani?” kusho yena.

“Felix! Ukuphi?” ULethabo wabhaka ngaphansi kombhede. “Usungaphuma-ke manje.”

“Cishe sabanjwa!” kusho uFelix. “Abantu abadala bayathanda ukungihubha.”

“Ngicela ungitshale ukuthi kungani uzongibona,” kusho uLethabo.

“Empeleni, ngiyazi ukuthi usuku lwakho lokuzalwa kusasa. Ufunani?” kubuza uFelix.

“Isigubhu, Felix! Ngifuna isigubhu!” ULethabo waphinda wazizwa edangele. “Kodwa sengathi sengisho emva kwendaba. Sezivaliwe izitolo.”

“He, he,” kuleka uFelix. “Vele ucele isigubhu kumama wakho. Cela esivela eNtshonalanga ne-Afrika. Manje, cimeza futhi bese ucabanga okuthile okufisayo. Usale kahle, Lethabo!”

ULethabo wavala amehlo akhe, “Ngiyafisa sengathi ngabe nginesigubhu,” kusho yena. Wavula amehlo akhe. Wayengasekho uFelix.

To Nal'ibali...

Thank you everyone for your birthday messages! We really appreciate them all, so keep sending them! Here are some of the ones we have received.

Imilayezo eya kuNal'ibali...

Sibonga wonke umuntu ngemiyalezo yosuku lokuzalwa! Siyayibonga yonke, ngakho sicela niqhubeke nokuyithumela! Nansi eminye yemiyalezo esiyitholile.

You have helped us to reach many children in deep rural KZN and develop in them a love of reading. May our partnership continue to grow and develop as together we have allowed these children to do. Happy birthday, Nal'ibali!

Family Literacy Project, KZN

Senisisizile ukuthi sifinyelele ezinganeni eziningi ezindaweni eziningi ezisemaphandleni KwaZulu-Natali nokuthi sithuthukise uthando lokufunda. Sengathi ukusebenzisana kwethu kungaqhubekela phambili futhi sithuthuke ndawonye ngendlela esenze ngayo kulezi zingane. Usuku lokuzalwa oluhle, Nal'ibali!

I-Family Literacy Project, eKZN

Long live Nal'ibali, you're doing a wonderful job in many communities. Happy, happy birthday.

Faith Kumalo, Reading Club Facilitator, Bomvini Reading Club, KZN

Happy birthday, Nal'ibali! Two years, hundreds of supplements and thousands of readers all over the country! Congratulations on your fabulous achievements. We love working with you to get South Africa reading.

The FunDza Literacy Trust

Unwele olude kuNal'ibali, wenza umsebenzi omuhle noncomekayo emiphakathini eminingi. Usuku lokuzalwa oluhle.

UFaith Kumalo, Olungiselela Ithimba Lokufunda, iBomvini Reading

Nal'ibali, may you grow from strength to strength in assisting us with regard to the sharing of lovely stories with children in the communities.

Zenzile Shelembe, Reading Club Facilitator, Mathendeni Reading Club, KZN

Usuku lokuzalwa oluhle, Nal'ibali! Eminyakeni emibili nje vo, kunamakhulu ezithasiselo kanye nezinkulungwane zabafundi ezweni lonke! Siyakuhalalisela empumelelweni yakho enkulu kangaka. Siyakuthanda ukusebenzisana nani ukuze senze iNingizimu Afrika ifunde.

I-The FunDza Literacy Trust

Ngithi Nal'ibali ukhule njalo nosizo osenzela lona lokwabelana ngezindaba ezimnandi kubantwana emphakathini.

UZenzile Shelembe, Olungiselela Ithimba Lokufunda, iMathendeni Reading Club, eKZN.



Tristan and Ethan from KwaZulu-Natal send their birthday wishes.

UTristan no-Ethan abavela KwaZulu-Natali bathumele izilokotho zabo zosuku lokuzalwa.



Asive, Reading Club Member, KwaFaku Reading Club, Western Cape

U-Asive, ilungu leThimba Lokufunda, i-KwaFaku Reading Club, eNtshonalanga Kapa



Bontle Dolo, Reading Club Member, KwaFaku Reading Club, Western Cape

UBontle Dolo, ilungu leThimba Lokufunda, i-KwaFaku Reading Club, eNtshonalanga Kapa

Win! Make Nal'ibali a birthday card and send it to us to stand a chance of winning a book hamper worth R1 000! (There are also two runner's up prizes: book hampers worth R500 each.) Send your cards to: PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Waverley Road, Mowbray, 7700. Don't forget to include your contact details. Competition closes 2 July 2014.



Wina! Yenza ikhadi losuku lokuzalwa likaNal'ibali bese usithumelela lona ukuze ube sethubeni lokuwina ihempu yezincwadi ye-R1 000! (Kukhona nemiklomelo emibili eyimithobanhliziyo: amahempu ezincwadi angama-R500 umunye.) Thumelani amakhadi enu ku-PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Waverley Road, Mowbray, 7700. Ningakhohlwa ukufaka neminingwane yenu yokuxhumana. Umncintiswano uvala mhla zi-2 kuNtulikazi wezi-2014.

Story corner

Here is the final part of the well-known Aesop's Fable retold in a South African setting. Enjoy reading it aloud or retelling it.

The boy and the jackal

(Part 2)

Retold by Wendy Hartmann

One week later the young boy did the same thing. He shouted and ran to the village. "Jackal! Help! Come quickly."

Once again the villagers came running to help him. Once again they found no jackal. This time they wanted to know what was going on.

"We cannot see any tracks," someone said.

"Your sheep do not look scared at all," said someone else.

The villagers did not stay for long and grumbled to each other as they made their way home.

Then the day came when the boy did see a shape move near the rocks. It was a jackal and it was sneaking closer and closer to his sheep. This time he really shouted loudly.

"HELP! HELP! There's a jackal! Come quickly."

As he ran towards the village to find help, he saw the jackal bite one of his sheep. He turned and ran back to his flock, shouting all the time. But no one came to help.

Then the jackal grabbed a lamb and ran back into the bushes by the rocks. The sheep were so frightened that they all ran away. It took the boy hours to find them all and bring them home.

When at last he got home he complained loudly, "Nobody came to help me. I could have been hurt. One of the sheep is hurt and the jackal took one lamb. This time there really was a jackal and nobody listened when I shouted."

"This time?" asked his father. "What do you mean *this time*?"

And the young boy had to tell the truth. His father was very angry.

"I will not punish you," he said. "You will soon find out that once people know that you have told lies, they will never, ever believe you again, even when you are telling the truth. Nobody trusts a liar."

And that was punishment enough for the boy. Nobody in the village believed anything he said ever again.

Tell us if you liked the story, *The boy and the jackal* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.




Illustration by Natalie Hinrichsen
Umdwebo wenzuwe uNatalie Hinrichsen

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokugcina yengane kwane ka-Aesop eyaziwayo exoxwa kabusha esizindeni saseNingizimu Afrika. Thokozela ukuyifunda noma ukuphinda uyixoxe.

Umfana nempungushe

(Ingxenye yesi-2)

Ixoxwa kabusha uWendy Hartmann

Ngemva kwesonto umfana omncane waphinda wenza into efanayo. Wamemeza ngesikhathi egijima ehlela emzini. "Impungushe! Sizani! Sheshani."

Abantu basemzini baphuma beshesha futhi bezomsiza. Baphinde bangathola mpungushe futhi. Ngalesi sikhathi bafuna ukwazi ukuthi kwenzekani.

"Asiboni minyatheliso yamanqina," kusho omunye.

"Izimvu zakho azibonakali neze zethukile," kusho omunye.

Abantu basemuzini abazange bahlale isikhathi eside, bakhuluma bekhononda ngesikhathi beya ekhaya.

Kwase kufika usuku lapho umfana abona khona isithunzi sihamba ngasemadwaleni. Kwakuyimpungushe futhi yayisondele inyonobela izimvu zakhe. Ngalesi sikhathi wamemeza kakhulu ngempela.

"SIZANI! SIZANI! Kukhona impungushe! Sheshani!"

Ngesikhathi egijima eya emzini eyofuna usizo, wabona impungushe iluma enye yezimvu zakhe. Wagijima wabuyela emhlambini wakhe elokhu ememeze njalo. Kodwa akukho muntu owazomsiza.

Impungushe yabamba izinyane lemvu elilodwa yabaleka nalo yangena ezihlahleni ngasematsheni. Izimvu zazethuke kakhulu zabaleka zonke. Kwathatha umfana amahora amaningi ukuthi azithole zonke azibuyisele ekhaya.

Wathi uma esefike ekhaya wakhononda kakhulu, "Akukho muntu ozile wazongisiza. Bekungenzeka ngilimale. Kulimele imvu eyodwa kanti impungushe ithathe izinyane lemvu elilodwa. Kulokhu beyikhona ngempela impungushe kodwa akekho umuntu ongilalele ngesikhathi ngimemeza."

"Kulokhu?" kubuza ubaba wakhe. "Usho ukuthini uma uthi *kulokhu*?"

Umfana omncane kwadingeka akhulume iqiniso. Uyise wathukuthela kakhulu.

"Angizukukujezisa," kusho yena. "Uzofunda maduze nje ukuthi uma abantu sebazi ukuthi uqamba amanga, angeke baphinde bakukholwe nanini, noma sewukhuluma iqiniso. Akekho umuntu okholwa umuntu onamanga."

Kanti lokho kwaba isijeziso esanele kumfana. Akukho muntu emzini owaphinde wakholwa yinoma yini ayishoyo.

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, *Umfana nempungushe* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

In your next Nal'ibali supplement:

- Fathers and children reading together
- Days to celebrate in June and July
- A Story Star dad
- A teen read, *The skin I live in*
- A zigzag book, *Stella gets stuck*

Have you tried our Nal'ibali ringtone and wallpapers yet? Give your phone a literacy makeover and show your support of reading for enjoyment by going to www.nalibali.mobi for a range of downloads for your phone.

Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Obaba nezingane befunda ndawonye
- Izinsuku ezizogujwa ngoNhlanguvana nangoNtulikazi
- Ubaba Ovelele Ezindabeni
- Indaba ezofundwa amabhungu namatshithsi, *Isikhumba engiphila kuso*
- Incwadi emazombezombe, *Ukubambeka kukaStella*

Ngabe usuke wayizama i-ringtone noma ama-wallpaper akwaNal'ibali? Yenza umakhalekhukhwini wakho ube phambili kwezokufunda nokubhala, ukhombise nokuxhasa kwakho ukufundela ukuzithokozisa ngokuya ku-www.nalibali.mobi ukuze uthole okuningi ongakuthwebulela umakhalekhukhwini wakho.

